# Isidlo sakusihlwa

## Imibuzo ngaphambi kokufunda

1. Abantu abasesithombeni babukeka benjani? Usho ngani?
2. Ucabanga ukuthi izophetha ngani lendaba?



EXTRACT PAGES

Kwakuwusuku olukhulu kwaMgobhozi. Babezovakashelwa umndeni wakwaMaya owawusuka eJalimani. U-Akhona wayematasa elekelela, kwazise kwakungamaholide ePhasika. Wayeneminyaka eyisishiyagalombili efunda ibanga lesithathu. Umama wakhe wayezihlalela ekhaya epulazini lakwakhe.

Ingabe ikhuluma ngani lendaba?



EXTRACT PAGES

UMnumzane Mgobhozi wayematasa engadini echelela nezitshalo. Waya nasemadlelweni ukuyobheka imfuyo yakhe. Wayefuna nokubheka ukuthi yisiphi isilwane ayengasihlabela izivakashi zabo ezivela kwelaseJalimani.

Ngabe uMnumzane Mgobhozi unepulazi? Usho ngani?

UMgobhozi wacela ukuthi omakhelwane bamelekelelele ngokuhlaba isiklabhu. Nembala bafika omakhelwane bephethe izinto ababezosiza ngazo. Ubaba wabakhombisa isiklabhu esasizohlatshwa kosiwe nenyama yaso.



EXTRACT PAGES

Wayezolekelelwa ngobani umgobhozi?



EXTRACT PAGES

Kwathi uma baqeda ukuhlaba kwase kubaswa umlilo. Kwathi ngesikhathi kugezwa ezangaphakathi, amadoda abe osa amantshontsho. Usi lwenyama lwalukumema ukude! UMgobhozi babemsiza ngokuqukula ibhodwe lokupheka inyama yangaphakathi.

Yini amantshontsho. Hlobo luni lwenyama oluthandayo?



Umama ka-Akhona wayematasa ekhishini. Eseqedile ukupheka, wabe esenza amasaladi. Kwathi esaqoba ukherothi wazisika ngommese. Wathuka u-Akhona ebona umama wakhe opha emunweni, wazama ukumsiza. Umama wamxwayisa ukuthi akogqoka amagilavu ngaphambi kokusiza umuntu owophayo.

EXTRACT PAGES

Ubani igama lentombazane yakwa Mgobhozi?
Ungenzanjani uma uzisikile?

Umama wayalela u-Akhona lapho okwakuhlala khona ibhokisi losizo lokuqala. Weza nalo u-Akhona. Umama ka-Akhona wabe esemluleka ngokubaluleka kokuthi umuzi nomuzi ube nalo ibhokisi losizo lokuqala.



EXTRACT PAGES

Kungani u-Akhona wafaka amagilavu ezandleni?

U-Akhona wafaka amagilavu ezandleni. Wakhipha novolo nespirithi sokuhlanza inxeba. Wabe esecobhoza uvolo espirithini wesula umama wakhe. Uthe eqeda ukwenza njalo wabe esemvala ngeplasta enxebeni. Umama ka-Akhona wabe esekwazi ukuthi aqedele ukwenza amasaladi.



EXTRACT PAGES

Kungani u-Akhona wafaka amagilavu ezandleni?



EXTRACT PAGES

Wathi engena nje endlini ubaba, u-Akhona wavele wamlandisa ngesigameko sokulimala kukamama. UMgobhozi waqinisekisa ukuthi umkakhe wayengalimalanga kakhulu yini. Wabe esemxwayisa ngokuthi aqaphele uma esebenzisa ummese. Ubaba wabe eseqhubeka nalokhu ayekuzele ekhishini.

Wagcizelela ukuthini umnumzane Mgobhozi? Wena ungamxayisa uthini?